Isifundo 3

**April 8–14*

UbuPristi BobuKhosi

ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:
1 Pet. 2:1–3; Heb. 4:12; 1 Pet. 2:4–8; Isa. 28:16; Exod. 19:3–6; 1 Pet. 2:5, 9, 10.

Indimana Yekhanda:
“Niyisizukulwane esikhethekileyo, ubupristi bobukhosi, isizwe esingcwele, abantu Bakhe, ukuze nishumayele ubukhosi balowo owanibiza niphume ebumnyameni ningene ekukhanyeni Kwakhe okumangalisayo” (1 Pet. 2:9, NKJV).

Ecwile enjalo empucukweni, enkolweni, kanye nasemlandweni wobuJuda, uPetro ekubhaleni kwakhe ubhekisa kumaKristu njenge “sizwe esingcwele, abantu bakaNkulunkulu.” Ngokwenzenjalo, uthatha ulimi lwesivumelwano olusetshenziswa yiTestamente Elidala libhekise kuIsrayeli wasemandulo, alusebenzise lapha kwibandla leTestamente Elisha. Futhi akumangalisi: AbeZizwe abakholwa kuJesu bahlumelisiwe kubantu besivumelwano bakaNkulunkulu. Banesabelo manje ezithembisweni zesivumelwano. “Uma amanye amagatsha ephuliwe, futhi nani, nakuba ningumqumo wasendle, nithe nahlumeliswa phakathi kwamanye futhi seninesabelo kwincindi eyondlayo yempande yomnqumo, ningacabangi ukuthi ningcono kunamanye amagatsha. Uma nenzenjalo, qaphelani lokhu: Aniyiphasi impande, kepha yimpande ephase nina” (Rom. 11:17, 18, NIV).

Kwizahluko zaleliviki, uPetro ubhekisa abafundi bencwadi yakhe kumthwalo ongcwele kanye nobizo oluphakeme abanalo njengabantu bakaNkulunkulu besivumelwano, labo (ngokusebenzisa ulimi lukaPawule) abahlumeleliswe emthini womnqumo. Phakathi kwaleyomithwalo njengalokho uIsrayeli wasemandulo ayenawo—ukumemezele iqiniso elikhulu losindiso olunikezwa eNkosini.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-April*

Ukuphila NjengomKristu

U-1 Petro 2:1 uqala ngo “ngakhoke,” okusho ukuthi okulandelayo kungumphumela wokudlule. U-1 Petro, njengoba besibonile, ubuwuvuthondaba mayelana nalokho uKristu asenzele kona futhi nangendlela okumele sivume ngayo kulokho asenzele kona. Kwisahluko eilandelayo, uPetro uqhubeka nalendikimba.

Funda u-1 Petro 2:1-3. Yini uPetro asitshela yona mayelana ngendlela okumele siphila ngayo na?

_____

_____

_____

UPetro usebenzisa imifanekiso emibili ehlukene ukuveza ukuthi amaKristu anomsebenzi ombaxambili. Omunye uyaphikisana, ngokuthi kunezinto okumele ziyekwe; omunye uyavuma, ngokuthi kumele sifune Ukwenza okuthile. Kumfanekiso wakhe wokuqala, uPetro ugqugquzela amaKristu ukuba ehlukane nenzondo, ubuqili, ukuzenzisa, nomhawu, kanye nayo yonke inkulumo embi (1 Pet. 2:1, NKJV). Ngokwenzenjalo, amaKristu azoziphatha ngokwehlukile kunalabo abawazungezile. Ngenxa yokuthi ehlukene nenzondo, awezufuna ukulimaza abanye kodwa, kunalokho, azobafunela okuhle. Ngenxa yokuthi amaKrsitu ehlukene nobuqili, awezukuqola abanye kepha azokwethembeka futhi aqiniseke. AmaKristu ngeke abenomhawu ngalabo abanokuningi kunawo. Azokwaneliswa ngukuphila kwawo futhi achume lapho uNkulunkulu ewabeke khona. Futhi ngeke akhulume ngendlela elimaza isithunzi nokwaziwa komunye.

Umfanekiso wesibili uPetro awusebenzisayo—lowo wengane elambele ubisi (1 Pet. 2:2)—unikeza uhlangothi oluhle lwalomyalezo wakhe. Impilo yobuKristu akuyona nje eyokuyeka izinto ezimbi. Impilo enjalo ibiyoba yize. Cha bo, kumele ifune ukondleka kwezikamoya futhi ngokushisekela okufanayo nokwengane elambele ubisi. Ubhekisa abafundi bencwadi yakhe kumthombo walokhu kondleka (bheka futhi uHeb. 4:12, Mat. 22:29, 2 Tim. 3:15-17), Izwi likaNkulunkulu, iBhayibheli. KuseZwini likaNkulunkulu lapho sikwazi ukukhula kwezikamoya nasekuziphatheni kahle, ngoba kulo sinesambulo esiphelele sikaJesu Kristu. Futhi kuJesu sinomfanekiso omkhulu kunayo yonke wesimilo kanye nesimo sikaNkulunkulu oNgcwele okumele simthande futhi simkhonze.

Lemiqondo emibili ihlobene kanjani: okungukuthi, kungani ukufuna ukondleka kwezikamoya Ezwini kungasisiza ukuba sehlukane nezenzo nemicabango emibi uPetro asixwayisa ngazo na?

Itshe Eliphilayo

Funda u-1 Peter 2:4–8 (bheka futhi uIsa. 28:16; Hub. 118:22; Isa. 8:14, 15). Yiliphi iqiniso elibucayi uPetro abhekise kulo lapha na? Uthini mayelana nendlela okumele sivume ngayo kuJesu na?

Esebatshelile abafundi bencwadi yakhe ukuba bafune ukondleka kwezikamoya, ngokushesha uPetro ubabhekisa kuJesu Kristu, Itshe Eliphilayo, okungenzeka wayekhomba kwithempeli laseJerusalema. Ku-1 Petro 2:4-8, ucaphuna izahluko Ezintathu zeTestamente Elidala ezigqamisa ukubaluleka kwamatshe egumbi, amele indima kaJesu ebandleni Lakhe. Akayedwa uPetro ekuhlanganiseni Lezizindimana noJesu. UJesu Uqobo usebenzisa iHubo 118:22 ekuphetheni omunye wemizekeliso Yakhe (Mat. 21:42). UPetro wenza okufanayo kuZenzo 4:11, enkulumeni yakhe kubaholi bamaJuda. Futhi uPawule usebenzisa uIsaya 28:16 kumaRoma 9:33.

Iphuzu likaPetro lithi nakuba uJesu walahlwa futhi wabethelwa, wayengokhethiwe nguNkulunkulu ukuba abe yitshe legumbi lendlu kaNkulunkulu yezikamoya. AmaKristu, nokho, angamatshe aphilayo okwakhiwe ngawo lendlu yezikamoya. Ngokusebenzisa lamagama etshe legumbi kanye namatshe okwakha, uPetro wethula umfanekiso Webandla. Ibandla lisekwa kuJesu kepha lakhiwe ngalabo abalandela Yena. Qaphela ukuthi ukuba ngumKristu kusho ukuthi uba yingxenye yomphakathi wamaKristu, noma ibandla. Njengalokhu isitini sibayingxenye yesakhiwo esikhulu, kanjalo namaKristu awabizelwe ukuba ngabalandeli bakaJesu abathe qekelele kwabanye. UmKrsitu ongakhonzi futhi nongasebenzisani namanye amaKristu ukuthuthukisa umbuso kaNkulunkulu uyimpikiswano.AmaKristu abhabhathizelwa kuKristu, futhi ngokubhabhathizelwa kuKristu, abhabhathizelwa ebandleni Lakhe. UPetro uphinde akhulume ngomsebenzi Webandla. Kungukwakha “ubupristi obungcwele” (1 Pet.2:5) obunikeza ”imihlatshelo yezikamoya.” EBhayibhelini lesiHeberu, abapristi bangabaxhumanisi phakathi kukaNkulunkulu nabantu Bakhe. Amazwi kaPetro kanye nabanye KwiTestamente Elisha avame ukusebenzisa ulimi lwethempeli kanye nobupristi ukwethula ibandla njengethempeli eliphilayo likaNkulunkulu nabantu Bakhe bengabapristi balo. Ubhekise ohlelweni lweTestamente Elidala lokukhonza ukuze kwembuleke amaqiniso ngendlela amaKristu okumele aphile futhi enze ngayo namuhla.

Funda u-1 Petro 2:5 futhi. Kuchaza ukuthini “ukunikela Iminikelo yezikamoya” na? AmaKristu akwenza kanjani lokhu, njengengxenye yomphakathi wokukhonza na?

Abantu BakaNkulunkulu Besivumelwano

UPetro ubhala kakhulu ngokweTestamente Elidala. Futhi okungumongo lapha ngumqondo wesivumelwano, Indikimba engumongo wemfundiso yamaJuda neyamaKristu. Yini isivumelwano na? “Isivumelwano” (Heberu, berit) yigama elichaza isivumelwano esibhalwe phansi phakathi kwezinhlangothi ezimbili. Singaba phakathi kwabantu ababili (isibonelo, uLabani noJakobe kuGenesisi 31:44) noma phakathi kwamakhosi amabili (isibonelo, uSolomoni noHirmu ku-1 Amakhosi 5:12, lapho u-berit ehumushwe njenge “nhlangano” kwi-KJV, noma “isivumelwano esibhaliwe” kwi-NRSV). Singenziwa phakathi kwenkosi kanye nabantu bayo, njengoba uDavide nabadala bakwaIsrayele benza (2 Sam. 5:3). Okugqamile kulezizindikimba ngubudlelwane besivumelwano obukhethekile obukhona phakathi kukaNkulunkulu kanye nabantu Bakhe abakhethiweyo, isizukulwane sikaAbrahama.

Funda Genesis 17:1–4, Exodus 2:24, Exodus 24:3–8. Lezizindimana zisitshelani ngesivumelwano uNkulunkulu asenza noIsrayeli na?

Incwadi yokuqala yeBhayibheli, uGenesisi, ilanda ngendlela uNkulunkulu enza ngayo isivumelwano noAbrahama (Gen. 15:9-21, 17:1-26). UNkulunkulu “wakhumbula” lesisivumelwano lapho ehlenga abantu Bakhe ebugqilini eGibhithe (Eksod. 2:24). UNkulunkulu wasivuselela ngesikhathi sikaMose, lapho enikeza Umthetho oyiShumi kanye neminye imithetho kubantwana bakwaIsrayeli (Eksod. 19:1-24:8; ikakhulu Eksod. 24:3-8) Kepha izithembiso zesivumelwano zazinemibandela. “Inkosi yazibophezela ukuthi uma babethembekile ekugcineni izimfuno Zayo, Yayizobabusisa kukho konke nakwimisebenzi yezandla zabo.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 574. Nembala, Abaprofethi baphindaphinda izixwayiso kuIsrayeli zengozi yokungalaleli umthetho kaNkulunkulu, Imvamisa basebenzisa ulimi olubakhumbuza ngesivumelwano. Kuye kukhulunywe ngokuthi ngaphandle kukaDaniyeli neSambulo, iziprofetho eziningi zeBhayibheli zinemibandela. Ungumongo kangako umqondo wokulalela mayelana nezithembiso zesivumelwano. Iziprofetho zezibusiso ngokwesivumelwano zazinemibandela yokulalela Umthetho kaNkulunkulu, futhi iziprofetho zenhlekele zazibhekana kuphela nabangalaleli.

Kuchaza ukuthini ukuba sebudlelwaneni besivumelwano noNkulunkulu na? Yiziphi izibopho lobubudlelwane besivumelwano obuzibeka phezu kwakho na?

UbuPristi BobuKhosi

Encwadini kaEksodusi, isahluko 19, iNkosi yathi kuMose: “ ‘Ngalokho uyakuthi kwindlu kaJakobe, futhi utshele abantwana bakwaIsrayeli: Nikubonile engikwenze kwabaseGibhithe, nokuthi nganithwala ngamaphiko okhozi nganisondeza Kimi. Ngakhokhe, uma nembala nilalela izwi Lami futhi nigcine isivumelwano Sami, ngalokho niyakuba yigugu elikhethekile Kimi ngaphezu kwabo bonke abantu; ngokuba wonke umhlaba ngoWami. Futhi niyakuba Kimi umbuso wabapristi kanye nesizwe esingcwele’ ” (Eksod. 19:3-6, NKJV). Nasi isigijimi sevangeli, esembulwa izinkulungwane zeminyaka ngaphambi kweSiphambano: uNkulunkulu uhlenga abantu Bakhe, ebasindisa esonweni kanye nasekuthumbeni kwesono, bese ebayaleza ukuba bamthande futhi bamlalele Yena njengabantu abakhethekile besivumelwano phambi Kwakhe naphambi kwezwe.

Funda u-1 Petro 2:5, 9, 10 noEksodusi 19:6. Uchaza ukuthini uPetro uma ebiza amaKristu “ngobupristi bobukhosi” kanye “nesizwe esingcwele” (1 Pet. 2:9, NKJV) na? Lolulimi luthini kithi mayelana nezibopho zethu njengamaKristu angama-Seventh-day Adventist na?

_____

_____

_____

_____

“Indlu yezikamoya,” “isizukulwane esikhethiweyo,” “ubupristi bobukhosi,” kanye “nabantu bakaNkulunkulu” konke lokhu ngamatemu okuhlonishwa ekuthi eBhayibhelini achaze ubudlelwane obukhethekile uNkulunkulu ayenabo nezizukulwane zika-Abrahama. Namanje, Ngokwengqikithi yeTestamente Elisha, Ngokwengqikithi kaJesu neSiphambano, uPetro usebenzisa ulimi olufanayo lwesivumelwano elubhekise kumalungu ebandla. Izithembiso zesivumelwano ezenziwa kuIsrayeli sezivuliwe zafaka hhayi kuphela amaJuda akholwa kuJesu kepha nakwabeZizwe abakholwayo. Yebo, ngoJesu, abeZizwe, nabo, bangabizwa ukuba ngabantwana baka-Abrahama. “Futhi uma ningabakaKristu, niyimbewu ka-Abrahama, kanye nezindlalifa ngokwesithembiso” (Gal. 3:29, NKJV). NgoKristu, noma ngubani, nakuba ezalwa kuphi, angaba yingxenye yalobu “bupristi bobukhosi.”

Isizwe esingcwele na? Ubupristi bobukhosi na? Ebhekiswe kithina, lamatemu kumele asho ukuthini mayelana nezimpilo okumele siziphile, ngamunye nanjengomphakathi na? Singaphila kanjani kangcono ngokwalolubizo oluphakeme na?

Ukumemezela Ubukhosi

Ukufaniselana Nebandla leTestamente Elidala akugcinanga nje kuphela ngosindiso kanye nokubizwa kwethu nokukhethwa kwethu nguNkulunkulu. Nanku umbuzo: Sibizwe futhi sakhethelwani na? Ngokushesha uPetro unikeza impendulo. UPetro ukhomba ukuthi lobubudlelwane obukhethekile ngobenhloso. AmaKristu kumele "amemezele ubuhle balowo owabize ukuba aphume ebumnyameni angene ekukhanyeni Kwakhe okumangalisayo" (1 Pet 2:9, ESV). Yilokhu uIsrayeli wasemandulo okwakumele akwenze. UNkulunkulu wababizela ukuba babengofakazi Ngaye ezweni. Inhloso kaNkulunkulu kwakungeyokubusisa izwe ngoIsrayeli wasemandulo, abantu Bakhe besivumelwano.

Funda izindimana ezilandelayo. Yiliphi iphuzu elifanayo kuzo zonke na? Deut. 4:6; 26:18, 19; Isa. 60:1–3; Zech. 8:23.

UIsrayeli wasemandulo, njengabantu besivumelwano, wawunomsebenzi wokufinyelela ezweni ngevangeli, usindiso olunikezwa yiNkosi. AmaKristu anomsebenzi ofanayo ongcwele. Abizelwe ukwabelana nabanye ngamava awo kanye nolwazi ngoNkulunkulu kanye nangalokho akwenzele izwe ngoKristu.

Funda u-1 Petro 2:10. Kungani lendimana ingumongo wawo wonke umsebenzi kanye nenhloso yamaKristu na?

Izwe licwile esonweni, ekufeni, kanye nasekubhubheni okuzayo. Kodwa uJesu wanikela ngempilo Yakhe ukusindisa wonke umuntu ekubhubheni. njengoIsrayeli wakudala, amatemu okuhlonishwa aphinde abe ngamatemu okusebenza. AmaKristu asezingeni eliphakeme ngokungavamile: lelo lokuba ngabantu bakaNkulunkulu. Kodwa lokhu kuletha umthwalo wokumema abanye ukuba babelane kulelizinga eliphakeme. Njengoba u-1 Petro 2:10 esho, manje amaKristu akha abantu bawo. Babengesona isintu, kepha manje sebamukele Umusa wokuba ngabantu abangcwele (buka uHoseya 1, 2). EBhayibhelini, "ubungcwele" buvame ukuchaza ukubekelwa eceleni ngenhloso yokukhonza. Ngakhoke, njengesizwe "esingcwele," amaKristu kumele ehlukane nezwe, umehluko obonakala ngezimpilo aziphilayo. Kumele afane nomlilo kubusuku obunamakhaza, odonsela abanye emfudumalweni yawo. AmaKristu anomsebenzi wokwabelana nabanye ngosindiso ayingxenye yalo.

Cabanga Kabanzi:

“Ibandla liyigugu kakhulu phambi kukaNkulunkulu. Ulithathela phezulu, hhayi ngenxa yenzuzo yalo yangaphandle, kodwa ngokuqiniseka okulehlukanisa nezwe. Ulikala ngokukhula kwamalungu alo ekwazini uKristu, ngokuthuthuka kwawo Kumava awo kwezikamoya. “UKristu ulambele ukwamukele kwisivande Sakhe izithelo zobungcwele ngokuzinikela. Ufuna izimiso zothando nokulunga. Akubona bonke ubuhle bobuciko obungaqhathaniswa nobuhle bomoya kanye nesimilo okumele sembulwe kulabo abangabameli bakaKristu. Ngumoya womusa ozungeze umphefumulo wekholwa, uMoya oNgcwele osebenza engqondweni kanye nasenhliziyweni, okwenza isinongo sempilo, nokuvumela ukuba uNkulunkulu abusise umsebenzi wakhe.”—Ellen, G. White, *Christ’s Object Lessons*, p. 298.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Kuyini ukubizwa ukhishwe ebumnyameni ungene “ekukhanyeni Kwakhe okumangalisayo” na? (NKJV). Kusho ukuthini lokhu na? Uma ubungachaza lomqondo kothile ongakholwa kuJesu, ubungathini na? Yini ubumnyama na? Yini ukukhanya na? Yini umehluko phakathi kwako kokubili Ngokwengqikithi yalokho uPetro akhuluma ngako na?

2. “ ‘Nembala nginifundisile izimiso nezahlulelo njengokuyalelwa nguJehova uNkulunkulu wami, ukuba nenze kunjalo ezweni eningena kulo ukulidla. Ngakhoke manizigcine; ngokuba lokho kungukuhlakanipha kwenu nokuqonda emehlweni ezizwe eziyakuzizwa zonke lezizimiso, bese zithi, “Impela lesisizwe esikhulu singabantu abahlakaniphileyo nabaqondileyo.” Ngokuba yisiphi isizwe esikhulu esinoNkulunkulu oseduze naso, njengoJehova uNkulunkulu wethu enjalo kithi nanini lapho simbiza na? Futhi yisiphi isizwe esikhulu esinezimiso nezahlulelo ezilungile njengawo wonke lo mthetho engiwubeka phambi kwenu namuhla na?’ ” (Deut. 4:5–8, NKJV). Lamazwi abhekiswe ngaziphi izindlela kithina njengama-Seventh-day Adventist futhi sibizelwe ukuba senzeni nguNkulunkulu ngenxa yakho konke esikunikeziwe na?

3. Funda u-1 Petro 2:3. UPetro uchaza ukuthini uma ethi “Uma, nembala, seninambithe nezwa ukuthi uJehova unomusa” (NKJV) na? Uwunambithe kanjani “Umusa” Wakhe na?

4. Buka ebandleni okulo. Yini engebandla okulo, uma Kukhona, okulenza lona kanye namalungu alo abe nokuheha labo abangazi lutho ngama-Seventh-day Adventist noma ngalokho esikholwa kukho na?

Notes